
UNkosana noZoli bayizelamani. UZoli welama uNkosana.

Badlala bonke wonke amalanga, uma inkulisa ivaliwe.

UZoli uzama ukulingisa uNkosana kukho konke uma bedlala!







UNkosana uphusha uZoli.

UZoli naye uzama ukuphusha uNkosana.
Kepha uyehluleka. Useyingane!

UNkosana udonsa uZoli.

UZoli naye uzama ukudonsa uNkosana.
Kepha uyehluleka. Useyingane!










UNkosana ukhahlela ibhola. Lindizela phezulu emoyeni.

UZoli uzama ukulikhahlela, kepha uyageja.

Bobabili bayahleka!

UNkosana kuzomele amsize.



UNkosana udansela umculo.

Naye uZoli uyazama ukudansela umculo. Kepha uyehluleka. Useyingane!

UNkosana uyakheleza.

UZoli uzama ukulingisa uNkosana.

UNkosana uzama ngakho konke ukumsiza. Kepha uyehluleka. Useyingane!





UNkosana noZoli babe nosuku oluhle. Bebejabulile imini yonke.

UNkosana uyalala. NoZoli uyalala. Kuphele inkani kuZoli!